Isiqinisiso 2

Isihloko sesifundo: UJesu ukhuluma ngokunceda

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **UJesu ukhuluma ngokunceda**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). **Qaphela:** 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga le - RI 2. 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho we – RI 2 uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. ***Isibonelo***: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To….)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo se – RI 2 nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha.

Isifundo

Isihloko	UJesu ukhuluma ngokunceda
Umbhalo weBhayibheli	NgokukaMathewu 9: 37-38; 20: 1-16

Inhloso yesifundo	Izingane zifunda ukuthi iNkosi uJesu iyabaklomela labo abathembekile nabasizanayo.

Isifundo esifingqiwe:

- UJesu ujikeleza ehambela yonke imizi nemizana efundisa emasontweni abo abizwa ngokuthi amasinagoge, eshumayela iziNdaba eziNhle ngoMbuso kaNkulunkulu, elapha yonke inhlobo yokugula.

- Ngenkathi uJesu ebona izixuku, wabanakekela futhi wabakhathalela.

- Ngemuva kwalokho uJesu wayesethi kubafundi baKhe, “Isivuno, (okusho isilinganiso sesitshalo / emasimini / emapulazini) sikhulu, kepha izisebenzi ziyingcosana. Ngakho-ke khulekani eNkosini yesivuno ukuba ithumele izisebenzi ekuvuneni kwaYo.”

- Isifundo sanamuhla sikhuluma ngoJesu ekhuluma indaba ngomlimi oqashe izisebenzi ukuba zisebenze ensimini yakhe ngalolosuku.

- UJesu wathi: “Umnini-mhlaba waphuma ekuseni kakhulu, ukuyoqasha abantu ukuba basebenze esivinini sakhe. Bavumelana ngokuthi uzobakhokhela umholo ojwayelekile wosuku lonke”.

- “Kamuva waphuma futhi wathola abantu bengenzi lutho. Wathi: “Ningahamba ukuyosebenza esivinini sami ngizonikhokhela okufanele”. Bavumelana futhi bahamba ukuyosebenza esivinini. Lokhu kwenzeka futhi kwazekwaba yisikhathi sokushayisa.

- Ekupheleni kosuku, izisebenzi ezaziqashwe ekugcineni zakhokhelwa kuqala iholo labo, kwagcinwa ngalabo abaqashwe kuqala.

- Bonke bakhokhelwa ngokulinganayo, kungakhathalekile ngesikhathi abaqashwe ngaso kanye nomsebenzi abawenzayo.

- Izisebenzi ezasebenza elangeni elishisayo usuku lonke zazizwa ziphethwe ngokungafanele.

- Umnini-mhlaba waphendula: “Mngane, angikuphathile kabi. Kambe awuzange yini uvume ukusebenzela ukukhokhelwa kosuku na? Thatha imali yakho uhambe. Ngifuna ukunika umuntu owayeqashwe okokugcina iholo ngokufana naleli engikunike lona. Ingabe

anginalo yini ilungelo lokwenza engikufunayo ngemali yami na? Noma unesikhwele ngoba ngiphana na?”

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

• UNkulunkulu ungumnikazi womhlaba futhi ngesivini kubhekiswe kithi sonke esizosindiswa, ukuze singene eMbusweni kaNkulunkulu futhi sithole ekugcineni umvuzo wokuphila okuphakade.

• Sifundiswe ukuthi okubaluleke kakhulu ukuthi sizimisele ukusiza kulo msebenzi wensindiso, kungakhathalekile ukuthi uzoklonyeliswa ngokungakanani.

• Kumele sibonge futhi sijabule ngokuthi siyingxenye yalomsebenzi wensindiso nokuthi singasiza ekupheleliseni umsebenzi kaNkulunkulu.

• Kumele sisize ngokuthanda uNkulunkulu nomsebenzi waKhe.

• Akumele sicabange ukuthi lokho esinakho kungenxa yokwenza kwethu - ngoba sikusebenzele.

• Akekho onesizathu sokuba nomona njengoba umvuzo mkhulu kunalokho okusifanele. Kufanele sithembele emseni wothando lukaNkulunkulu.

• Akunandaba ukuthi usunesikhathi eside kangakanani usiza emsebenzini kaNkulunkulu umvuzo uyafana kuwo wonke umuntu.

Ingabe singasiza kanjani emsebenzini kaNkulunkulu na?

• Zama ukwenza intando kaNkulunkulu futhi ugweme okubi.

• Tshela abanye ngezwi likaNkulunkulu nangokholo lwethu.

• Khulekela abanye, nawe ngokwakho kanye nokuphothulwa komsebenzi kaNkulunkulu.

- Chitha isikhathi esithe gxagxa endlini kaNkulunkulu ngokuhlanganyela emisebenzini yebandla.

• Letha injabulo kubantwana bakaNkulunkulu ngokuba nobungani futhi ukulungele nokusiza.

• Njalo yenza umzamo wokuba yingxenye yomsebenzi kaNkulunkulu.

Yenza Umsebenzi 1 no 2 nengane yakho.

Impendulo yomsebenzi 1:

“Kepha abalungileyo baphila kuze kube phakade; nomvuzo wabo futhi useNkosini, futhi ukunakekelwa kwabo kuvela koPhezukonke”.

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Ingabe kukuphi eBhayibhelini lapho kubhalwe khona umfanekiso wezisebenzi zesivini na?

   Impendulo: NgokukaMathewu 20: 1-16

2. Ingabe incwadi NgokukaMathewu 9: 37-38 ichaza ukuthini kithina namuhla na?

Impendulo: Kunemiphefumulo eminingi okufanele iqoqwe futhi ilungiselelwe uMbuso kaNkulunkulu osezulwini, kepha izisebenzi ziyingcosana.

3. Uyini umvuzo wethu ngokwenza umsebenzi kaNkulunkulu ngokwethembeka nangothando na?

   Impendulo: Ukuphila okuphakade.

4. Uyini umvuzo womntwana kaNkulunkulu, osebenze umsebenzi kaNkulunkulu iminyaka eyi-10 kanye nomntwana kaNkulunkulu obesenze umsebenzi kaNkulunkulu iminyaka engama-20 na?

   Impendulo: Ukuphila okuphakade noNkulunkulu – okufanayo.

5. Emfanekisweni wazisebenzi zesivinini, ingabe umnikazi womhlaba ufanekisa ubani na?

   Impendulo: UNkulunkulu.

6. Ingabe yini leyo uJesu afuna ukuyichaza ngalomfanekiso na?

   Impendulo: Ukulunga kukaNkulunkulu, uthando, umusa nokuphana.

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen

Umkhuleko emva kwesifundo:

Baba oseZulwini othandekayo

Siyabonga ngokusigcina siphephile

Sisize sibenomusa kubo bonke

Siyabonga ngokuba ube nguMelusi oMuhle osithandayo nosiqondisayo

Amen.